

# Izincwadi ezingenamagama

Le ncwadi engenamagama ngeyokuqala Ebangeni loku-1, Ohlwini Lwezincwadi Zokufundwa. Lezi zincwadi ezingenamagama zixoxa indaba ngezithombe kuphela, kanti ziyasiza ukulungiselela abafundi ukuthi bakwazi ukufunda. Uma lezi zincwadi zisetshenziswe ngendlela efanele, zizosiza abafundi ukuthi:

- bahumushe izithombe
- babone nezinto ezincane ezithombeni
- bazijwayeze ukufunda ngejubane
- baqonde ukulandelana kwezehlakalo
- bayibone indaba yenzeka emqondweni
- bakwazi ukuyixoxa futhi indaba
- bakwazi ukuphendula imibuzo ngendaba

Sikuhlinzeke nangamasu okukusiza ukuxoxa indaba ngenkathi uphenya amakhasi anezithombe ezixoxa indaba kanye nabafundi. Uzothola izihloko nemibuzo okuzokusiza ekuxoxeni indaba nabafundi. Sikuhlinzeke nangezindlela ongazisebenzisa ukuxoxa indaba. Lezi zindlela zitholakala ngaphakathi ekhaveni yencwadi engemuva. Ukwelekelela abafundi ukuze babone okwenziwa yisele ekhasini ngalinye, kudingeka ubasize bagxilise izingqondo zabo kuloko okwenziwa yisele esithombeni ngasinye nokuthi abanye abalingiswa bakwenanela kanjani lokho okwenziwa yisele.



## Imibuzo okungakhulunywa ngayo:

Imayelana nani le ndaba?

Lenzani isele?

Lafika kanjani esikoleni isele?

Buka isithombe ekhasini 9. Ulibambelani ikhanda lakhe uJoe?

Buka isithombe ekhasini 11. Balifunephi isele abantwana? Lona belicashephi? (Bheka lapho licashe khona, ekhoneni lomgodi wesihlabathi.)

Ucabanga ukuthi isele lingahle libuyele ekhaya noJoe? Kungani ucabanga kanjalo?

Yini obungayenza uma isele lingena eklasini lakho?

Lingisani le ndaba.

Ileveli: 1

# Incwadi yoku-1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Isele liya esikoleni |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Ileveli: | Ibanga loku-1 Incwadi Yokufundwa Ulimi Lwasekhaya Ileveli 1 Incwadi yoku-1 |

Lokhu okulandelayo kuwumhlahlandlela wakho thisha, wokukusiza ukuxoxa indaba. Uhlinzekwe ngemibhalo emibalwa ukuze wena nabafundi nikwazi ukuyengeza/ ukuyandisa lemibhalo nisebenzisa izithombe. Khumbula ukwenza abafundi bathole ukuthi lenzani isele esithombeni ngasinye, wengeze ngokuchaza ukuthi abanye abalingiswa benanela kanjani kokwenziwa yisele.

1 UJoe unezilwane zakhe ezintathu: inja, ikati kanye nesele eliluhlaza. Izilwane zakhe ziyambuka ngenkathi egqoka, elungiselela ukuya esikoleni.

2 Ngenkathi uJoe ephulula ikati, isele eligangile ligxumela esikhwameni sakhe sesikole. uJoe akazanga ukuthi isele lisesikhwameni sakhe.

3 UJoe uyavalelisa kubazali bakhe kanye nasezilwaneni ezingabangani bakhe. Uyahamba uya esikoleni. Akakazi namanje ukuthi kunesele esikhwameni sakhe.

4 Uyafika esikoleni. Ujabulela ukubona abangani bakhe. Akakazi namanje ukuthi kuneseleesikhwameni sakhe.

5 Iyakhala insimbi! Nkrrr! Nkrrr! UJoe uya ekilasini. Ngenkathi esabhala, isele laphuma esikhwameni lagxuma lahlala phezu kwekhanda lika Ken. Isele lakhahlela izibuko zikaKen. UJoe akayiboni yonke le nto.

6 Isele lagxuma langena esitsheni sopende obomvu, ladlulela edeskini likaLebo.

7 Isele eligangile lawusaphaza upende obomvu wagcwala ideski likaLebo. Kuloku, uJoe wabona ukuthi isele lakhe leli, wazama ukulibamba.

8 Okulandela lapho, isele ligxumela etafuleni likathisha. Uyethuk a uthisha, uze uwanesihlalo sakhe.

9 Emva kwaloko, isele lagxumela ekudleni kukaAnele, ladlulela edeskini lakhe. UJoe wenkosi akazanga ukuthi kemele enzeni manje. UJoe bandla akazi ukuthi enzeni.

10 Bonke abantwana bayaligijimisa manje isele. Bazama ukulibamba, kodwa isele laphuma ngomnyango lagxuma liphikelele enkundleni yokudlala. Balilandela abantwana bezama ukulibamba. Bayalilandela abantwana. Bazama ukulibamba.

11 Linyamalele! Abantwana bayalithungatha. Balifuna ngaphansi kwesihlahla, esihlabathini, ezihlahleni, nangaphansi kwamabhentshi. Balifuna yonke indawo, abalitholi isele.

12 Sekuyisikhathi sokubuyela emakhaya, yakhala insimbi, uJoe naye usephindela ekhaya. Nali futhi isele elingezwa selilunguza esikhwameni sakhe. Yinja kuphela ebona leli sele. Isele eligangile lona lijabulela ukuphindela ekhaya emva kosuku olunzima esikoleni.

I-CAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda itekisi elifanayo emaqenjini beholwa nguthisha.

Uthisha kumele ahlele izikhathi zokufunda ukuba zibandakanye "ukusukela amagama" (word attack) namasu okubhekana nomsebenzi wokuqondisisa okuyizinto ezizodingwa yizingane uma sezifunda.

Isu lokufunda lifuna ukuba kubuye kube khona "ukuxoxa ngetekisi" (text talk) phakathi kukathisha nabafundi naphakathi kwabafundi abaseqenjini. Lezi zincwadi-ke zinemisebenzi eminingi eno-"kuxoxa ngetekisi", ukuqondisisa neminye imisebenzi ezosiza othisha ukuhola ukufunda kwamaqembu emakilasini abo.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga loko-1 loLimi Lwasekhaya.

Ileveli: 1

- Isele liya esikoleni
- Ngiyakwazi ukufunda
- Sonke siya esikoleni
- Usuku lwemidlalo yezilwane

Ileveli: 2

- Siyalithanda ibhola lezinyawo
- Ukugqoka
- UPhithiza uthola umngani omusha
- ULeli iloli

Ileveli: 3

- Isikhukhukazana esibomvu
- U-Ann uya kudokotela
- Iphupho likaDudu

ISBN 978-1-4315-2528-7

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2528-7

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA